

Ukuphila Ngalolu Hlelo

Okusebenzile Kithi: Ibhuku Lansuku Zonke Le-NA

Injongo yaleli bhuku ukusigcina sizazi ukuthi singobani nalokho esikwenzayo njengamanje.

Zama ukuphendula yonke imibuzo, zonke izinsuku. Nikeza izimpendulo ezilula futhi uphendule ngokwethembeka. Uma kukhona usuku ongaphumelelanga ngalo, ungazami ukuqamba amanga ngalo kamuva.

Izimpendulo nemibono yakho makube izinto ezenzeke emahoreni angu-24 edlule futhi uphendule imibuzo ekupheleni kosuku.

Uma ufisa ukwabelana nabanye lokho okuqukethwe kuleli bhuku, sikukhuthaza ukuba ukwenze ngomlomo.

Khumbula ukuthi ibhuku lansuku zonke alisona isivivinyo; azikho izimpendulo ezifanele nezingafanele. Ungacasuki uma ubona sengathi ubungenza kangcono noma uma ungakwazanga ukwenza lokho obukulindele. Khumbula, lolu uhlelo olukwenza ukhule futhi ululame, futhi uma uhlanzekile namuhla kusho ukuthi kukhona okwenza kahle.

Okwanamuhla imicabango yami izoba sekululameni, ekuphileni nasekujabuleni kwami ukuphila ngaphandle kokusebenzisa izidakamizwa.

Ngihlanzekile namuhla? _____

Iyiphi indlela ehluke engenze ngayo? _____

Isifo sami sikubusile ukuphila kwami namuhla? _____

Uma kunjalo, kanjani? _____

Yini engiyenzile namuhla engifisa sengathi angiyenzanga? _____

Yini engingayenzanga engifisa sengathi ngiyenzile? _____

Ngiziphathe kahle namuhla? _____

Kanjani? _____

Namuhla, bekungusuku oluhle? _____

Bengijabule? _____

Bengizolile? _____

Okwanamuhla ngizothemba esinaye kwa-NA futhi okholelwa kimi nofuna ukungisiza ekululameni kwami.

Ngikhulumile nongisizayo namuhla? _____

Ngiyile emhlanganweni namuhla? _____

Kuphi? _____

Ngikhulumile ngokwenzeke kimi, ngamandla nangamathemba ami? _____

Yibaphi abantu engiphila nabo engibethembayo namuhla? _____

Ubani ongithembayo namuhla? _____

Okwanamuhla ngizoba nohlelo; ngizozama ukululandela ngawo wonke amandla ami.

Ngizifundile izincwadi zethu namuhla? _____

Yiziphi izinyathelo engizilandelile? _____

Ngikwazile ukuvuma izinto engingenawo amandla azo namuhla? _____

Ngikwazile ukwethemba aMandla Aphakeme namuhla? _____

Ngifundeni ngami namuhla? _____

Kukhona engikulungisile namuhla? _____

Kukhona engikukweletayo? _____

Ukhona engimtshele ngephutha lami namuhla? _____

Ngike ngakhathazeka ngokwenzeke izolo noma ngekusasa? _____

Ngingakwazi ukuzamukela ngendlela engiyiyo namuhla? _____

Okwanamuhla, ngosizo lwe-NA, ngizozama ukuthola umbono ofanele ngokuphila kwami.

Ngikwazile ukuzizwa ngiyingxenye yabantu namuhla? _____

Ngizivumelile ngacabanga kakhulu ngokuthile namuhla? _____

Yini uNkulunkulu angiphe yona engingambonga ngayo namuhla? _____

Kukhona engikwenzile okungangilimaza noma kulimaze othile namuhla? _____

Uma kukhona, kuyini? _____

Ngizimisele ukushintsha namuhla? _____

Ngikwazile ukuthandaza noma ukuzindla namuhla? _____

Kuyithinte kanjani impilo yami? _____

Yiziphi izimiso ezingokomoya engizenzile ekuphileni kwami namuhla? _____

Ukuhlala ngihlanzekile bekuyinto emqoka ekuphileni kwami namuhla? _____

Okwanamuhla ngeke ngesabe, imicabango yami izoba sekuxhumaneni kabusha nabantu, abantu abangazisebenzisi izidakamizwa futhi abaye bathola indlela entsha yokuphila. Uma nje ngilandela leyo ndlela, akukho engizokwesaba.

Kukhona engisize ngakho namuhla ngaphandle kokulindela imbuyiselo? _____

Ngibe nakho nje ukwesaba ekuphileni kwami namuhla? _____

Ngizwa injabulo noma ubuhlungu obukhulu? _____

Ukhona othile ohlelweni engimshayeke ucingo noma engimvakashele namuhla? _____

Ngiyithandazele inhlalakahle yomunye namuhla? _____

Bengijabule namuhla? _____

Ngibe nakho ukuthula namuhla? _____

Ngikhumbulile yini ukuthi ngingakhetha okuthile namuhla? _____

Nkulunkulu Othandekayo, ngibonise engikwenze kahle namuhla. Ngibonise ukuthi ngingaphila kanjani kangcono futhi ngenze intando yakho kusasa.

AMAPHUZU

Izinyathelo Eziyishumi Nambili Namasiko Ayishumi Nambili abhalwe kabusha ukuze alungiswe ngemvume ye-AA World Services, Inc.

Copyright © 2019 by
Narcotics Anonymous World Services, Inc.
Wonke amalungelo agodliwe

World Service Office
PO Box 9999
Van Nuys, CA 91409 USA
T 818.773.9999
F 818.700.0700
Website: www.na.org




World Service Office–CANADA
Mississauga, Ontario

World Service Office–EUROPE
Brussels, Belgium
T +32/2/646 6012

World Service Office–IRAN
Tehran, Iran
www.na-iran.org



Lokhu ngukuhunyushwa lwezincwadi okugunyazwe yiNhlangotho ye-NA.

Narcotics Anonymous,    ne-The NA Way
ngamagama abhaliswe ngokomthetho
ye-Narcotics Anonymous World Services, Incorporated.

ISBN 978-1-63380-222-3 Zulu 10/19

WSO Catalog Item No. ZU3109



Narcotics Anonymous[®]
I-Narcotics Anonymous

IP No. 9-ZU

Ukuphila Ngalolu Hlelo